Isifundo seSikole seSonto

Ese X. March 9

UJOSHUA uTANDABANTU NOMHOLI. JOSHUA 1:1-9.

ISITATELO. "Qina ume isibindi. Josh. 1:6.

Bonke otisha mabafunde izahluko 1, 2, 3, 4, 5. Zonke lezi zilanda ngokungena kwabaIsrael ezweni lesetembiso beholwa nguJoshua.

Kungati asilandiswa yonke indaba yokuhambahamba kwaba Israel ezweni okwenzeka pakati kwesifundo, eseSonto elidhlule neselanamhla. NgeSonto elidhlule safunda ngezinhloli esatunywa ePalestina ukuya kuhlola iswe bengakangeni kona abaIsrael. Kepa umbiko wazo kwaba ngowokwala, kwati esikundhleni sokungena ePalestina kona ngaleyo nkati uIsrael wahamba ezula ehlane iminyaka eminye engamashumi amatatu nesishiyangalombili kwati ngaleyonkati bonke ababepume eGipita bafa kwasala oCaleb noJoshua, izinhloli ezimbili esabika umbiko omuhle ngePalestina. Abanye, abantababo kupela ababese kona base bangena ezweni lesetembiso. Masitole isifundo lapa. Uma uNkulunkulu esibamba ngendhlebe eti masi penduke kona sisongena ezweni lesitembiso masingadelili ukuncenga kwake sale ukulalela kuye, funa sifele ehlane. Kuleminyaka engama 38 besehlane base bagcine ngokungena, sazi indaba eyingcozana kakulu. Mhlaumbe abahlupekanga kakulu loku kwakukona amadhlelo amaningi emihlambi, umhlaba uvundile kuleloswe belima bevuna. Into eyabe ise ibe yinkinga kubo ukuliwa kwesizwe saleloswe esabe simelene nokuba uIsrael angene adhle iswe.

Baya ngokuya besondela ezweni lesitembiso baze bafika endaweni lapo besowela kona iJordan bangene ePalestina. Lapo sebesogcina ukuhambahamba uMoses wabiswa ukuba ashiye uIsrael ayohlala noNkulunkulu. Bababili benoAaron abavunyelwanga ukungena kwaseePalestina. Uma nifunda Imib. 20:1-13 niyobona isisusa saloko. Bafika ehlane laseZin. Kwakuyiswe elingenamanzi abaIsrael bakonona kakulu. UNkulunkulu wati koMoses noAaron mabakulume etaheni elitile lakona kuyaube sekugobhosa amanzi abantu bapuze. OMoses noAaron base becunukile ngoba abantu beloku behlonze ukuhlubuka ngako esikundhleni sokukuluma etaheni njengoba kushiwo uMoses walishaya ngenduku etukutele. Ngoba ngokutukutela kwake wapula umteto kaNkulunkulu awubekileyo kangenanga eKanans. Kwati lapo sekusopela ukuhambahamba uNkulunkulu wamholela entabeni ende iNebo. Le ingasemnceleni wePalestina ngasempumalanga. Ekulentaba uMoses wabona iswe leli elikulu abaya kulo abantu. Makube kwamdabula uMoses ukubona ukuti emva kwokuhlupeka kangaka iminyaka engamashumi amane ukuba akasee'ukubahola abantu abangenise ezweni, Deut 3:28-26. Pezu kwaleyontaba uNkulunkulu wamtabata wamyisa kuye. Asazi nakuba wafia'okwabantu noma uNkulunkulu wasimze waguqulwa nje umzimba wake wamtabata wamyisa kuye kuhle kukaEnok. Kati mangikolwe nguloku kwamuva ukuti walingiswa uEnok umzimba wake waguqulwa wase ungena ezulwini eyauhlala noNkulunkulu. Wa esevele waketwa uJoshua ukuti nguyena ozotata isikundhla sikaMoses, Dent. 3:28; 31:3. Nguye ke manje owaba ngumholi omkulu wesizwe waya wasingenisa ezweni lesitembiso. Kwaba yisikutazo esisimangaliso ngomsebenzi wake njengaloku sifunda esifundweni sanamuhla. Akaze angasibizela msebenzini uNkulunkulu kepa abe engazipi amandhla okuwenza lowomsebenzi, futi yena uqobo lwake uyahamba nati njalo abe uwenza ngoqobo umsebenzi kepa ngati. Tina siyizinto nje asebenza ngazo uNkulunkulu esisezandhleni zake.

Kuyamangalisa ukuwela kwabantu iJordan sebengena ezweni lesitembiso. Umfula waushona kakulu futi ubanzi. Ababanzi bawo babungangoMngeni ngaseTekwini uma ugcwele kakulu. Izinsuku ezintatu abantu balungisela ukuwela, belungisa ukudhla nempahla yabo, baze bonke behlela emfuleni bati shaye etafeni sebelungele ukuwela ngokufika kwezwi. Waubila ngapambi kwabo umfula. Konje bazauwela kanjani? Abatandabuzanga ababanga naluvalo ngoba base betemba uNkulunkulu ukuti usoyiveza indhlela. Bala wayiveza. Lapo konke sekulungile nabaPristi sebewupete umpongolo ukuhamba pambili bewela amanzi umuntu wetuka esebohla nje umfula wahlakana kabili bawela emhlabatini.

Bati abake baye kulendawo kukona iziwa eside inxa zombili samatshe akumsekayo, nokuti mhlaumbe ngaleukati uNkulunkulu makube wawisa iziwa saponseka emfuleni loko kwabiyela amanzi isikati eside esanele ukuba abantu baze bawele. Kutiwa kutula kutule ndilike kanjalo umhlabati. UNkulunkulu usebenza ngezinto sake semvelo enze izimangaliso sokusisa umuntu nokwenzela yena udumo. Usenzela izimanga mihla yonke enga simbonga ngazo.

Ukuhlasela kwabelungu kwaZulu.

(M. M. FUZE.)

Bafikake abelungu emva kwamasonto amane babikwa kwatiwa bafikile abelungu eDudusini (Kambule), petheya kweNcome, wahloma uZulu wayiteta uMahlamvu, wayitshela ukuba base bangayi kubelungu bengenisile, kodwa baye uma behamba bepumele ngapandhle. Ngalelolanga impi yonke wayinika uMnyamana kaNgqengelele, undunankulu kanye nesinye isinduna ezingapansi kwake. Yabatshela inkosi yati "Niyakubafumana bepumile ngomso." Yahamba-ke Kute ivuka ngangomuso kwakufika isigijimi esipuma kubaQulusi sokuti koba kuhle impi ifike kuse kus as eHlobane, ngoba abelungu bayafika ekuseni. Kepa uMnyamana nezinye isinduna bekuzwile loko abatandanga ukutshela amabuto ngoba basebe nolimi ngakubelungu, batula nalo lelozwi elipuma ebaQulusini. Isinduna zamabuto zaza zaziswela ngokwazo emini, lapo sekuswakala ukuduma kwesibhamu. Ati eseti ayaputuma amabuto lapo, ahlangana nemizila yabelungu asebebaleka beya esikaniseni lapo bengenise kona (kwaKambule) Edudusini. Yabagwaza yabaqeda labo, kwasala idhlanzana elingengakanani elagijima laya langena enqabeni yabo ngamahashi. Kungamdhla kuhlabana isintombi ezimbili zasebaQulusini, ezazicashe ngapezulu kwentaba entubeni okwati uba abelungu badundubale eHlobane, bati lapa bekuluma bebuka intaba "Umuhle Hlobane ufana nasicoco sandoda!" kanti bakuluma loko nje kabazi, abaQulusi sebelelê ngalapa nangalapa kwentaba, betuka sekuvuka impi enkulu ibagwaza. Bati ukwetuka kwabo abelungu sebebaleka basitela pesi kwezintombi ezimbili zabaQulusi sihlomile nazo. Yavuka enye yamgwaza umlungu wawa yapinda futi yagwaza omunye yase ivukile nayo futi lena enye, yadundubala owayo nayo; kwasala abelungu abatatu lapo eHlobane abagwaswa isintombi bafa. Kulapo amabuto amtukutelela kona uMnyamana nesinduna ngalelo langa, abona ukuti afihlelwe ngamabomu isigijimi sabaQulusi ngoba isinduna sibona ukuti uZulu uzakubaqeda abelungu namuhla. Kwati kulalwa ngalelo langa kanti iNgobamakosi ayilele yona isongela ukuba kwanele ukusa nje ibavimbezele abelungu esikaniseni. Nembala kwasa okungaliyo. Kwati lapo kuti nwi nje iNgobamakosi yase ikade isihlanganisile yesikaka sonke isikanise. Po sikulu kangakanani sona! Kutiwa ubukulu baso sabe singangomuzi omkulu kakulu. Bhekake ubuningi bebuto leNgobamakosi, elalibalwa ngamavio amaningi kangakaya, kutene xo noKandampemvu, okwakutiwa nokutsho ngao "Palane" bobabili. Yanele ukusikaka nje isikanise iNgobamakosi, sebeswile nabo abelungu ukuti yimpi esifikile sataba. Yapikelela nayo iNgobamakosi ukungena, bala impela abelungu. Savuta lapo asabe sisa ngamuka. Bhekake loku amanye amabuto abe engazi ekweziye izindawo, iNgobamakosi ngokungazi iti ipamba amanye amabuto njengokuyixoxa kwayo ekaya, iti iyakuwahlula amanye amabuto ngempi. Wo! yazicilizela ekufeni. Po, yenza kwobani bayitshaya bayikitisa abelungu kuhle kwesikonyane ensimini. Kutiwa lati ilanga lilala ukudundubala yase ikatele nayo kaloku iNgobamakosi, betshaya isilele pansi. Kwati kupakati afika amanye amabuto—iNkonyanebomvu, eyaza yafika yakumula iNgobamakosi kulowo'mlilo wabelungu. Hau, yalwake lapo ngokwesabeknyo. Wangena ngapakati nebandhla lake laoBheula uShiyinduku kaNomnombela induna yeNkonyanebomvu. Yalwa-ke ngokwesabekayo lapo, nabelungu kutiwa base bekatele nabo kuleyonkati, kuliwa sekuxoxwa indaba nabo pakati esikaniseni. Lasala kona lapo iqaw'elikulu lika Nomnombela uShiyinduku, esegwaze abelungu abaningi kona lapo pakati kwesikaniso. Kutiwa yalwa isikati anduba iNgobamakosi isikatele, yagqibuka yabalala. Bapuma lapo abelungu bayipelekezela ngezinhlamvu, anduba bapinde babuyele esikaniseni. Ake nizwe-ke madoda iNgobamakosi nezinduna zayo ezisitupa, beqa iswi leNkosi yakubo eyabatshena yaba yalisisa ngalo yati baze bangayi kubelungu besesikaniseni! ngokuleqa kwabo kwabanjani-ke? Ofundayo kohlala ekumbula njalo amazwi enkosi eyawashumayela kimi Ezinhlendhleni kwakiwa umuzi wakwa Maizekanye, ukuti yati kimi "Abelungu bayeza lapa kimi, kepa mina angiyi kubabalekela, ngoba mina angikonzile ngesiqingana lesi sika-Senzangakona, kukonze mina ngedwa. Ngiyazi ukuti kwoba mdhla lidubukalayo ngalelo langa." Nibokumbula nkuti nenkosi uqobo lwayo yabe ikwazi kahle ukuti siyiyikumelana nabelungu, bayakugcina ngokuyepuca umbuso wayo, ngenxa yomona ungaxotshwe nalutc. Yase izibonela futi izikulu, ukuti ngokungazi kwazo nokukohliswa kwazo ngabelungu, seziqonde ukuyinikela ezizweni. Yiloko eyaqamba ngako indodana yayo eyaba se isele iyodwa yayiqamba ibizo layo yati ngu"Dinuzulu" izitsho yona ukuti i"Sebedinwe iyo abakwaZulu."

(Isaqutshwa.)

Ngomakoti owabuyayo.

(KuMhleli "weLANGA.")

Bengingazimisele ukuba ngibhale ngisuswa yilendaba ebuhlungu uMr. Simelane asityela yona. Uma loku akushoyo kungesiyo imfumbe kuliqiniso impela uBenjamin kasilo ikolwa noma angazisho yena ukuti ulikolwa ngoba onke amaqinga akuye nawokulahla nokwenza ukuze ahlale engumuntu olungileyo. Uyesaba ukutata ushevu abulale umfazi wokuqala aganwe omusha. Ngiti mina sigebengu esidala sinamasu okwenza isigigaba singabonwa. Leli iqinga alenzayo lokulahla umfazi ukuba abafazi lendaba bayayifunda akusayi kubako indoda eyakukuluma ngencwadi isinto somuzi wayo ngoba abafazi abayikwazi ukuba lendoda ayiko yini pakati kwesigebengu. Hau, lakohlakela leli ikolwa we Simelane! Ukuba lendaba liqiniso uMr. Benjamin makacele kuTixo amxolele. Lesisono sikulu ngakuye ukusisho ukuti uyilikolwa imisebenzi ibe iti akasilo ikolwa. Loko umuntu akumsisi Ngiyakolwa ukuba abaningi bayakuyiswa njengoba ngiyiswa ubuhlungu bayo indaba le yesigebengu esibuya endhle zize kubantu nemikuba yazo emibi. Akufuneki ukuba siyiswe enjengale kaBenjamini. Abuko obunye ubutakati. Angasho kaningi ukuti ulikolwa. Uyakuyicasa kahle ngolunye usuku mhla inkosi yake isifuna ukuba laziwe ngabantu leli ihlazo lake alenzayo. Unjalo yena uSatane usebenza asebenze kuti ukugcina akuhleke uyaqale uzisola isikati kade sidhlule. Buyani bakiti ebugqilini bukaSatane. Uyisita. Au, bandhla kwakubi loku ukwenza kwalomuntu weNkosi!

Ngisacela njalo kwabaseMvoti indoda eyazi abantu abadala bakwaQwabe eMhlali. Sala Dubo elimtende likaSilwane emaQadini.

Yimi,

MAFAVUKE.

Kokstad.

Ezombhaleli Wetu eRhodesia.

Mhleli oncomekayo, ngifunda epepeni lako elidumileye ngibona izinto ezinhle ezihlaba umxwele. Leli pepa lako sela singena kaku savumi sihlale singenalo. Angisimuntu ovama ukukuhlupa kodwa ngite njengoba nami ngingowunye wabafundi bepepa akengilobe. Ngiva ma ukubona izincwadi esilotshwa uRev. Abraham Twala ekuluma isikole esiso kwakiwa lapa kwelakiti ehlane. Impela siya halalisa nxa sizwa loko simfiseele nempumelelo uRev. Twala. Futi uyindoda epapene nefundisiweyo. Into nje. kuhle ukubuza nxa umuntu engaqondi kahle

UMr. Twala lona useqoqe malini wa vifaka eBanke ngalemizamo yake na? Wahamba nekwaya wabuye wasihambela yedwa. Setembake ukuba yonke lemi zamo yake isimenzele isikwama sokumsiza kanye nati. Ubani iTreasurer yesikole sake? Ubani iSecretary yaso na? Obani amaTrustee noma School Board noma School Comittee? Umsebenzi omkulu kangaka utanda ukuba ubekwe obala ube nezisekelo eziqoto ikona koti nabanikelayo benzele esibindi ni basi ukuba isikole simf kahle. Nisoti mhlaumbe nginesikwele somsebenzi kanti ca ngenzela ukuba ngisise yena umfowetu nami nginikele ngikululekile

Angiqali ukuzihlupa ngalendhlela nomfundisi Dube nxa sizwa ngo wake umsebenzi sakupenya loku sezwa ukuba uneSchool Committee, Trustee, Treasurer & Auditor Futi unayo iComittee napetsheya. Naye umfowetu ngetemba ukuba uqaba ngalendhlela nokuti izincwadi zomsebe wake zilungiswa iAuditor yoqobo Nge lapa ngempendulo enhle.

Imina,

QATA LANGIMA.

Opendula Imvo noMr. Magasela.

Mafukuzela onjengezulu ngiyacela epepeni lako ngike ngipendule amadoda amabili ngo'tuwela kwamaNxusa. Tina esipetwe amaBhunu sizwa ubuhlungu ngalamazwi enu ukuti a'tungawelwa niti akuyiwe kuBotha. Mhlaumbe nina uBotha owakini tina uBotha aksaiye owakiti. Nicabanga ukuti angakulumela tina abantu abamnyama? Ca, uBotha uye kukulumela abelungu. Mina ngiti talani ningatikamezi amaNxusa bayek leni baye kusikalela nati pesheya eNgilandi. Wena Magasela ukipa iswi eliti tina bantu siyizimpahla zabelungu asifanele ukutuma amaNxusa pesheya uBotha umetembi'e.

Maye niyazikohlisa bantu baseFree State niti uBotha aksilo irabela. Uli rabela kiti tina ndhla emnyama ngoba angezo asilungisela izindaba zetu pesheya. Mina ngiti kofenele kuwele amaNxusa amnyama.

Yimi owenu,

JEREMIAH TSHABALALA.

P. O. Riet Kuil,
O.F.S.

INTUNGWA yeNKWANTSHU.

Akudingi ukuba ude ulunywa yisisu usibhonqa noma ube buhlungu ematunjini. OkaChamberlain wentungwa nembo nokuhlambulula auze ungageja ukunika ikefu nakosegule kanjani. Wufune kona nemhlanje, pela asisayikubako isikati sokuwufumana inxa sekusukile Utengiswa yibo bonke abatengisi.

EzaseEast Rand.

Kuyiqiniso ukuba iKwaya lodumo likaMafukuzela aliculanga kahle eNew Comet Location. Kwavamisa abantu "abasuti ukudhla" balwa bodwa kwase kwapunywa. Into engitanda ukuba ngiyipaule nansi. Abanumzane basamukela kahle kakulu njengasemihleni saoMrs. Nkabinde, Jalies, Nduna, nabanye. Induna namaPoyisa akutala nalapo endhini baj uluka bamanzi. Nombheki womlungu wema ngezinyawo wabakipa ababeswakeme kakulu betshinga. Amantombazana nabafana abakohlwa umbuso ababa nawo ezindhlini abababelwe kuzo, kakulu amantombazana ancoma isirato enhle kakulu ngoba basonta kona. Kungabe siyanyaza ke uma sikohlwa ukubonga laba banumzane nawoMama kanye nawodade abasipatela kahle kangaka abantwana. Siti ningakolwa nangomuso nina base New Comet, nasipata kwadhlula okwemihla. Nanka amagama alabo abasicitela izimali zabo basipata izinsuku ezintatu zakohlwa ikuba esiko emakaya. Mrs. Mayisela esizwa nguMiss Olova noMiss Mohoena, Miss Buti, Mrs. Ngcobo, Mrs. Z. Jalie, Miss R. Kumalo, Mrs. Maduna & Miss Msengana, Mrs. Nduna & Miss Fort, Mrs. & Mr. Nkabinde. Ningadinwa nangomuso, iComet umusi wakiti esitandayo singe udele ngenxa yaleso sixabo esabe kona. Futi loku esikubongayo okuyimfanelo. Singekohlwe ukubonga nezihlalo esasizayo. Sibonga umfundisi walelobandhla, sibonga nomnumzane waseNkomponi ohlal'esikumbela ukuba siyalamba.

Imina,

UMPATI weKWAYA.

Uyabuz'Obuzayo.

Emhlanganweni lapo umbiko wake Chief Mini wawukulumela kona ungabhaliwe pansi futi eqala ukwenza umbiko ongabhaliwe, nalapo kwavela kona isikwitshilili emva kokuba esebalekile kwavela omunye wangakwake wati, Makuyekwe kungenziwa luto ngoba akuko mbhilapi engavuni silonda siyo."- Po uZulu akaz'anaka loko ukuba ahlaliselwe amatonsi abausi wawensa umsebenzi wake wakete, engetemba wati, "Soke sisibone lesosifo esiyovunwa zimbhilapi ukuti sopelelapi."

SESIPUMELELE OBALA.

Kumhlope nakubani lapo sekunje ukuti kanti okuyisona sifo yilesi nesimbhilapi esivi nayo nasi. Kepa ke hawa

SELASHWE UBANI?

Kute nxa siti nasi sivelile nomniniso sesiyamhlupa ngabe asimlalisi yin oxa esezibika engezibikisisi, kuti lapo kufunwa namakambi wati, ca sesipelile, kepa nokupela kwaso kube kungaqamile, ekungati kuyekwa nje kungelatshwa sesivela sesinezimpande sesihlaba nezinyanga sezingakwazi ukusondela angazike lapo amabhaxa sowatola kona. Nibika ukupela ngakona ngoba amakambi okuselapa ebebaba engenamngane waso.

AKULIHLAZO.

Kuyaye kube yinto enhle kukulu umuntu ati ukuba wehlulekile sebekuqondile futi abona ukuti useboniwe azibike ukuti kade ngiti ngihamba ngalendhlela ngiti angibonwa, kanti ngiyabonwa, sapixolisa ukuba ngenze into embi. Ngeke kube yihlazo ukuzibika; okuyihlazo ikona ukuba umuntu abhece ngehlamvu eti ncatshile kanti udindilize obala.

AYENGEKO.

Njengoba umpaketi owawuhlangene nowaketa abapati abapete namhla, ayengeko yini amadoda amaklu kaCongress noba lawo ayekona naketayo, kwakungabafans? Loku ngiti nimakosi ayekona njena kanye naninlungu eExecutive Committee

FUTI AYENGEKO?

Emhlanganweni kaDec. lapo kwaketwa kona amadoda alishumi licala, nakulowo ayengeko yini? Okusobala ayengeko. Kanti pokwanqunywa imapi amadoda ukuba kuhlanganc umhlangano obekutiwa ngowoxolo ingabe kwaxatshwana kubangwani?

OB'EKONA?

Makungadhlalwa ngabantu, njengoba ke nomhlangano woxolo, ungasangenanga ngenxa yamadoda amakulu ingabe avele kulipi izwe engobani nawo, ayobakona nje mzukwana kuhlanganwayo? Uma obengeko kambe izindaba zoma kanje na?

Yimi,

OBUZAYO.

New Hanover.

AKUDINGEKI AMATYPE AKANGAYO.

OkaChamberlain wentungwa nembo nokuhlambulula awudingi magama a'tangayo ukudonsa amehlo abantu. Kona ukusho nje ukuti bonke otukemisi bayatengisa ngawo kwancle, ngoba yonke imikaya iyawazi inana lawo. Ususetshenziswe iminyaka engamashumi amane, useyiloko obizwa ngako. Utengiswa yibo bonke abatengisi.

Oti mabuvulwe utshwala.

(Ku Mhleli we "Langa.")

Mngane,—Ngicela ukuba ungivumele ngipendule abantu abaningi abangibhalele ngendaba yotshwala. Anginako bakiti ukunipendula ngesincwadi, loko kungenza ngisale ngingasenayo nendibilishi, siningi kakulu isincwadi senu. Ngifuna ukunazisa loku okokuqala: Ukuse isicelo sibe yiso esifanele siye sibhalwe yisingi labantu aba umhlangano nona ibandhla. Tinake abapuzayo asinawo umhlangano okutiwa ngowesipuzi, singenza sicelo siuke? Okwesibili- Musani ukubasela abafundisi namasila uma etumela ku Minister of Justice. Nabo benza isimfanelo sabo. Yebo kuliqiniso kona ukuti uJesu abangabalandeli bake asiawa ukuba wake watumela isicelo (Petition) emka ndhlwini wezindaba zezwe, kodwake akumsebenzi wetu ukwenza loko. Okwetu ukuba sinxuse sinonge kulabo abapete amandhla ngaso zonke izindhlela esingaba naso sibanise ukuba izwe leli alipetwe ngabafundisi nama zila. Abangesiwo amakolwa baningi. Ningazangali ukuzwa ukuti sengike ngatumela. Futi uma niqapela kahle ukuti naye opete izindaba zobulungisa (Minister of Justice) uzakubonile ukuti nakubo abamhlope iningi labelungu eTransvaal liyavumelana nombiko waoRooth. Mina ngiyanivamela, ngiyakataseka nakona lapa ngombuso wemiyaka engihlala ngiwabuswa ngamakehla nesikulu sakiti nawo nje amakolwa kwesinye isikati, umbuso wokuti, "Kusindwapi lapa." Uswe izegu likala liti ngafa yisifuba, kasi ngingatolapi okokwehlisa izindenda. Usizi ubona abantu bebakulu bevele ezimbotyeni befutwa ngao"Ber-man" bamaNdiya beti, "Sheshe" besho bengamniki luto olunyilo kodwa kuti ngendaba ka"sheshe" umuntu apuze sona isipilili. Bhekake eGoli lapo kungeko nesinkantini sebakiti uti nome unxaniwe uze uyozibulala ngesikokoyana esike silicimeime inzano kepa nonko ubeleni wako apelele nje enkeswini kunjalo njalo nyobozhwa bekufumene usipuza. Kona ngoko ngibone ukuti banamandhla bebe bavimbela utshwala ngomteto. Musani ukwesabe luto iNkosi esipa amabele ebalelisa ilanga ekolweni nakumhedeni isesibonela tina esipuzayo oknefuzele. Ukuvinjelwa ukupuza akuncipisi kapuza kodwa kuyekwandisa, nokuvala isinkantini akusuze kwakwandisa kunaloku okukona kodwa ezisakala kesingene sipuze okuyiko sisinde ko"sipilili" nako- "Mahasula" o'kill me quick.'

Elokugoina ngiti kuyinto ebuhlungu makolweni ukutanda ukujabulisa abafundisi pesu kweNkosi. Ngisho ngoba abaningi babhala ukuvumela ukuvinjelwa kotywala kepa besipuza nabo bati uma bengakiti bati kushinga abefundisi kanti abefundisi besundu zwa yibo. Uma silitola ilungelo kumlungu esilibambe ngaso sombili akungabi yitina esilikabayo. Abefundisi bangabokuqala ukucela imali yokusiza emsebenzini basicele kuso esivela otywalesi, nakulobu baseGoli obusovulwa uma kungake kutiwe imali yabo eyokusiza abantu isicelo sayo sokuqala sovela kubefundisi.

Xola Mhleli.

Owako otobile,

J. RAY MSIMANG.

Howick.

[Asiswani nece neningi lamazwi alombhaleli.]

Opendula uMr. Mnguni

(KuMhleli we "Langa)

Mngane,—Ngiseswa amazwi engiwabona epepeni lesonto elidhlule ebhalwe nguMnguni.

Kuyinto embi nengazambiteki ukuti into eyenziwa abanye "yimbhude" kube naleyonto ingakabonakali ukupumelela nokwehluleka kwayo. Futi kuyangimangalisa ukuzibo kukaMnguni ngoba yena uyafekaza ukuti kwatiwa eKroonstad bobuyela pesheya kungapela impi. Kepake nemhla impi ayikapeli kusazikiswa ingabeko yena uselotule yini uciugo lokuti impi seipelile. Umhlangano kaCongress omkulu ungoEaster mhlaimbeke lapo kongena indaba yokulungisa imali yokupindelisela amaNxusa njengeswi laseKroonstad. Lomhlangano owauhlangene eJohannesburg kwakuyiSpecial nje, oDube nabanye angisho mina ukuti bangakalela loko okuweleiwa yilaba abangu9. Nenzani ukufaka icala kuCongress engone luto senihambela pambili? Nasi ngani ukuti ngokupela kwempi akasose aligcina iswi lake? Nishiseka aje kwenze njani nimazela mapi amanga uCongress? Useke walikipa yini elokuti asisanidingi nina sidinga laba ngakoke seningakululeka? Angiti lamadoda ahlezi nje awanako nokutata imisebenzi emile awanako nokuya kupi kwelinye ilizwe alinde ukupela kwempi awele ayoqedela umsebenzi wawo? Nisetuselani ngokungati kukona enikwaziyo? Loku bayawela nje abatunywa ukupela kwempi.

Uxolo Mhleli.

Owako otobile,

J. RAY MSIMANG.

Howick.

[Wena Mr. J. Ray utanda ukupata abantu izinhlamvu. Uti ukona obona loku okwenzekayo, ongaqondi ukuti umoya upepeta ubhekise ngapi? —Mhleli]

Ezase Durban.

We Mhleli, ngihlekiswe umuntu ka Madala uti lapa edhlula mauku kukona amantombazana asemskaya, "Hau po nina mantombazana aseTekwini nimenyiwe yini loku sihlala nani lapa na?"

o o o

Ngibone uMr. Isaiah Ndaba ebange eGoli. Ubepekezelwa uA. N. umfowa bo. Inkonzo mfana.

o o o

Bati omunye umfana ka Messrs. Lever Bros. Ltd utole iBonus ngokuba mba umshini ngebhande lapo umuka dosendhla somlungu'

o o o

EPresbyterian engaseZibunge beku imibiko yezinkonzo kukona oMessrs. Revd. Thompson & McFie, Johan Sinclair. Kwapuzwa iTea nokeke kuhumu sha uMr. Caluza umvangeli, iOrganist kunguMr. Zion Caluza. Kukona uMessrs. Zuke induna yeD. R. noJ. Ngcobo Assist. Time Keeper, L. B., kwacula uMr. Ngubane eliti, "Say Darling, say," nengane encane eliti, "Maunga ngidhlulu Jesu." Wapela umdhlalo.

ISIBUKELI.

Auguli kakulu, mhlaumbe.

Abantu abaningi abadinga umuti wamandhla bawudebekisela ngoba bengaguli kakulu ukuba beswe kupateka kabi okudhlula ukukatala nokungabi mnandi. Abagondi ukuti ukuhlehla kwempilo yabo kuya ngokuya ngangoba nabo abakuswa ukuti sebehle kanjani empilweni yemihla kuze kuti ubuso obupapatekileyo nemiswa ebutakataka, nokudana nokuba noswela kudonse amehlo ezihlobo zabo. Noma sekunjalo umuti wamandhla yiwona muti ofanele lapo. Ama Pink Pills kaDr. Williams aka impilo entaba namandhla kuso zonke izito zomzimba. Inhlisiyo iba mhlope ekudhleni, nokudhla kufike kusebenze kahle esiswini, kuvele umbala omusha ezihlstini nasezindebeni, kuncipe ukunakana ube nenhlisiyo enhle kanti kade usunoswela ubone usujabula ngokunya ngokupila.

Lomuti wamandhla awudhlali esiswini esingasebenzi kahle, nomzimba omubi nokupapateka kwegazi eliluia nezifo zemizwa. Kwabaningi ukupela kwo kwelashwa okudjngekayo. Ngokunika kwawo amandhla amantombazana aku layo amaPink Pills kaDr. Williams akugcwalisa konke okudingwa ngunina onakekela abantabake.

Umtengisi wakini uyawatengisa ama Pink Pills kaDr. Williams noma kona ngqo kwoDr. Williams Medicine Co., Long Street, Cape Town ngo 3s 3d igabha libe linye, noma abe yisitupa ngo 18s iposi ungalikokeli.

EzaseMvoti (Greytown.)

Silakile elase Mvoti kepa ukudhla kufile yilanga emasimini, angazi ukuti abantu bazoshonspi yindhlala.

Agewele amadoda lapa eMvoti Mhleli. Kukona isigwaqa samadoda—Izimpu, nga, nezimpandhla, nezintshebe, nama hwanqa kutuld nje, ziqetile. Kepa azikalisebenzisi ipepa. Ngikumbula njalo ukuti ukona oke wabuza epepeni eti "Kusekona indoda eMvoti njena?" Sengibheke ngabheka ngiti ngizobona impendulo ngoba uMvoti mkulu kepa pinde. Sengimpendulaka ukuti nezwa, na akala ngalo xingamanelisa izintshe be lapa.

M. B. MAZAMANE.

Oluleka uMr. B. Bhensela

(Ku Mhleli we "Langa" laseNatal.)

E, baba ngiyakuleka ukuba ungifake le lamazwana ami, kengiluleke umfowetu uMr. B. Bhensela ngendaba engiyibona epepeni lako lika 7 inst. Uti umzalwane wami uma etola inhlanhla kuSomandhla uti ulikolwa yena akasenakupinda alahle izifungo zake ngomkake. Mina ngiti, Ca mfowetu, uyaponsisa uma usho njalo ngoba wafunga nakulowo omdala, kuhle nje ubagcine bobabili uma kungesiwo owanika isigebengu ufuna ukuba uzota ta lowo omusha. Okuncono myeke ahlale kuwe ngoba ubuyo ungasasho ukuti usayobuya. Ngabe siyavuma ukuba uti wamfuna wamtola wala ukubuya nawe. Uxolo Mhleli ngokwe lula kwami, ngisenawo amanye amazwi.

Yimi omncane,

CHAS. M. RADEBE.

Leach & Brown,
Box 10,
Ladsmith.

KON'OKUDINGAYO.

Mus'ukuba yiloku wagula iminyaka yisixo esibi. Ukuginga izinhlamvana zikaChamberlain ziyokwelapa nya. Ziyiko xo okudingayo. Zitengiswa yibo bonke abatengisi.